NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2024

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-8. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
3. Phendula ZOMBILI iziqephu.
4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
6. Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.
7. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
8. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU A *INHLIZIYO EYOPHAYO*: T. R. Wela (Umhleli)

- Lesi siqephu sinoMbuzo 1, 2, 3, no-4.
- Phendula yonke imibuzo.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  – ulwazi lwendaba
  – ukwethula umbono wakho uwusekele kahle
  – ukubhala inani lamagama
  – isipelingi esihle
  – ulimi oluhle

UMBUZO 1

Phendula le mibuzo ngendaba *IQINISO LIYABABA*: K. L. Makhoba

Funda isigaba esicashunwe endabeni. Phendula imibuzo engezansi.

"Unayo yini enye ingane yomfana ngaphandle kwale? Leli qiniso olokhu uthi uzolikhuluma lizokhulunywa yimina-ke manje. Khona ukuqonywa wake waqonywa yini ngoba kwamakoti lo wameshelelwa yimina!"

[Sicashunwe ekhasini 29]

1.1 Ngubani okhuluma la mazwi, ukhuluma nobani? (1)

1.2 Kwakwenzenjani ngesikhathi lo muntu esho la mazwi? Chaza kafishane. (1½)

1.3 Lo muntu akhuluma naye wayecabanga ukuthi unezingane zamantombazane ezingaki? Chaza kancane ngazo. (1½)

1.4 Ukutholela lo muntu umakoti kwakuyisenzo esihle yini? Sekela ngendaba. (2)

1.5 Funda lesi sigaba esingezansi. Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-60** kuya **kwangama-80**.

"Muva nje useyangiklinya. Useke wangiklinya kwaphela umoya, ngaquleka. Angazi ukuthi akangibulali ngani? Kodwa udodile wangangibulala ukuze ngibhodle ngikhulume **iqiniso**. Ubeseshilo uyise kaNtokozo ukuthi iqiniso liyamkhulula umuntu. Nami sengithi angilikhulume iqiniso ngikhululeke."

[Sicashunwe ekhasini 31/32]

- Lalithini iqiniso alikhuluma uKaMakhaye? (2)
- Kwenzekani emva kokukhuluma leli qiniso? (1)
- Ukukhuluma leli qiniso kusibonisa ukuthi uKaMakhaye ungunkosikazi onjani? Chaza ngamaphuzu amabili. (2)
- Nika umbono wakho ngekusasa lalo mndeni emva kokuphuma kweqiniso. (2)

Ulimi (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 2

Phendula le mibuzo ngendaba *AMACONSI EGAZI*: N. F. Mbhele

Funda lokhu okulandelayo bese uphendula imibuzo. Bhala impendulo ngezigaba. Phendula ngamagama asukela **kwayi-100** kuya **kwayi-120**.

Qhathanisa uSithuli noSithombe.

- Bazana kanjani laba bobabili futhi kwenzekani kudala phakathi kwabo? (3)
- Bangabantu abanjani? (4)
- Veza umehluko phakathi kwabo. (2)
- Bhala ongakuthandanga ngabo. (2)
- Wena ungakhetha bani phakathi kwabo ukuthi abe ngumngani wakho? Kungani usho kanjalo? (2)

Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

UMBUZO 3

Phendula lo mbuzo ngendaba *UMZUKULU*: W. M. Khumalo

Endabeni ethi **UMZUKULU**, bhala ingxoxo ezoba ngamagama **ayi-130 kuya kwayi-150**.

Umama kaSidumo uvakashela uSidumo ejele. **Bhala ingxoxo** phakathi kukaSidumo nomama wakhe. Engxoxweni makuvele ukuthi laba bobabili bazizwa kanjani.



[<www.google.co.za>]

Ingqikithi (okusendabeni =7/okwakho =3) (10)
Isakhiwo (2)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 4

Phendula lo mbuzo ngendaba ***IZIFUNGO*: S. Bhengu**

Funda isitatimende esingezansi. Bhala **izigaba** ezizoba ngamagama **ayi-180** kuya **kwangama-200**.

Ukungathembeki nokuzicabangela emshadweni kungaba nomphumela omubi ekugcineni.

Isingeniso

Veza umbono wakho ngalesi sitatimende. (2)

Ingqikithi

- Bhala ngezenzo zokungathembeki ezenziwa nguBuhle emshadweni. (5)
- Izizathu zokubekezela kukaZethembe. (2)
- Umphumela wokungakhuzeki kukaBuhle emshadweni. (2)
- Izizathu zikaBuhle zokufuna babuyelane noZethembe. (3)
- Amaphutha enziwa uZethembe ngoBuhle. (2)
- Wena unguZethembe wawungamxolela yini uBuhle? Chaza. (2)

Isiphetho

Isiphetho kanye nesifundo sitholile kule ndaba. (3)

Isakhiwo (1)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[25]

Amamaki angama-70

IEB Copyright © 2024

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 5 noMbuzo 6.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  - Isakhiwo esifanele
  - Ithoni nerejista efanele
  - Ulimi oluhle
  - Isipelingi esihle
  - Ingqikithi enhle
  - Ikhono lokuziqambela
  - Ukubhala inani lamagama

UMBUZO 5

Phendula uMbuzo 5.1 **NOMA** uMbuzo 5.2. Bhala amagama **ayi-150** kuya **kwayi-180**.

5.1 Incwadi yobungane

Esikoleni sakho kufike uthisha omusha. Bhala **incwadi** ubhalele umngane wakho ofunda kwesinye isikole, umchazele ngalo thisha.



[<www.google.co.za>]

Bhala **incwadi** yakho ufake lokhu okulandelayo:

- Uthisha ungubani, ufundisani, ngumuntu onjani? (2)
- Ufundisa kanjani? (2)
- Ubudlelwano bakhe nabafundi, nabazali. (2)
- Ushintsho ngokufika kwakhe. (2)
- Isifundo ositholile ngokufika kwalo thisha omusha. (2)

Isakhiwo (7)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[20]

NOMA

5.2 **Umbiko**

Wena uyinduna yabafundi. Uthishomkhulu ucele wena ukuthi umenzele ucwaningo oluphelele mayelana nezinkinga ezibhekene nentsha efunda umatikuletsheni bese umbhalela **umbiko**.



[<www.google.co.za>]

Bhala **umbiko** wakho ufake lokhu okulandelayo:

- Izinkinga: – imicimbi, utshwala, izidakamizwa. (2)
  – ukukhulelwa/ukukhulelisa usafunda. (2)
  – ingcindezi yokuphumelela/ukungaphumeleli. (2)
- Isiphetho (2)
- Iziphakamiso (2)

Isakhiwo (7)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[20]

IEB Copyright © 2024

UMBUZO 6

Khetha uMbuzo 6.1 **NOMA** uMbuzo 6.2. Bhala amagama **angama-60 kuya kwangama-80**.

6.1 Isaziso

Isikole sakho sidinga umphathi wezemidlalo. Bhala **isaziso** usifake ku*Facebook*, noma ku*Twitter* noma ku-*Instagram*.



[<www.google.co.za>]

Bhala **isaziso** ubhekise kulokhu okulandelayo:


- Chaza ukuthi iziphi izinto enizibheke kulo muntu enimfunayo. (1)
- Imisebenzi alindeleke ukuba ayenze. (2)
- Chaza ukuthi isiphi isipiliyoni (*experience*) enisifunayo. (1)
- Izicelo zomsebenzi kumele zifakwe kuphi. (1)
- Umuntu okufanele baxhumane naye nezinombolo zocingo. (1)

Isakhiwo (2)
Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[10]

NOMA

6.2 Umlando kamufi

Ugogo wakho oneminyaka engama-80 ushonile. Wena ubungumzukulu wakhe amkhonze kakhulu. Umndeni ucele wena ukuthi ubhale **umlando** wakhe.



[<www.google.co.za>]

Bhala **umlando** wakhe ubhekise kulokhu okulandelayo:

- Umuntu oshonile/amagama akhe aphelele. (1)
- Imininingwane yakhe. (1)
- Imfundo yakhe nalapho asebenze khona. (1)
- Amagalelo (*accomplishments*) akhe. (1)
- Usuku ashone ngalo. (1)
- Abantu abashiye emhlabeni. (1)

Isakhiwo (2)
Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[10]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2024